


Ukufunda ngomthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996)

Umthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996) uqukethe imithetho ephakeme kunayo yonke yezwe. Le mithetho ingaphezulu kukaMongameli, ingaphezulu kwezinkantolo futhi ingaphezulu kukaHulumeni.

Uchaza indlela okufanele abantu baphathane ngayo ezweni labo, nokuthi ayini amalungelo abo nemisebenzi yabo komunye nomunye. Umthethosisekelo wezwe wenzelwe ukuthi usivikele thina sonke kanye nekusasa lezingane zethu.

Masiyazi imvelaphi yethu.	**Masingawaphindi amaphutha enzeka enkathini eyedlule.**	**Umthethosisekelo uyasisiza ukuba sibe nesithombe futhi sakhe ikusasa elingcono lethu sonke.**

Thina, Bantu baseNingizimu Afrika –

Siyakukhumbula ukucekelwa phansi kwamalungelo okwenzeka eminyakeni eyadlula;

Sibungaza labo abahluphekela ubulungiswa nenkululeko kulo mhlaba wethu;

Sihlonipha labo abasebenzele ukwakha nokuthuthukisa izwe lethu;

Futhi sikholelwa ekuthini iNingizimu Afrika ingeyabo bonke abahlala kuyo, sibumbene nakuba singefani.

Ngakho-ke, ngabameleli bethu esibakhethe ngokukhululeka, samukela lo Mthethosisekelo njengomthetho-ngqangi wezwe lethu, ukuze—

Silungise ukwehlukana kwesikhathi esedlule bese sakha umphakathi owesekelwe yinkolelo yenqubo yentando yeningi, ubulungiswa emphakathini, kanye namalungelo obuntu;

Sibeke isesekelo sokwakha umphakathi oqhuba ngendlela yentando yeningi; futhi ovulekile, lapho uHulumeni akhelwe khona phezu kwentando yabantu futhi lapho zonke izakhamuzi zivikelwe ngumthetho ngendlela efanayo;

Sithuthukise izinga lokuphila lazo zonke izakhamuzi futhi sikhulule amakhono omuntu ngamunye; futhi-

Sakhe iNingizimu Afrika ebumbene futhi eqhuba ngenqubo yentando yeningi ekwazi ukuthatha indawo yayo efanele njengezwe elizimele emazweni ngamazwe.

Yazisa ilungelo lakho njengesakhamuzi saseNingizimu Afrika uzimisele ukuvikela amalungelo abanye.	**Yazi Umqulu wamalunge kanye Nomqulu wezinto ezidinga ukwenziwa.**

Sengathi uNkulunkulu angabavikela abantu bakithi.
Nkosi Sikelel' iAfrika. Morena boloka setjhaba sa heso.
God seën Suid-Afrika. God bless South Africa.
Mudzimu fhatutshedza Afurika. Hosi katekisa Afrika.

ISBN 978-1-920458-96-6

Rainbow WORKBOOKS

MATHEMATICS IN ISIZULU
GRADE 2 – BOOK 1
TERMS 1 & 2
ISBN 978-1-920458-96-6
THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.
8th Edition

1 2 3 4

IZIBALO NGESIZULU – IBanga lesi-2 Incwadi yoku-1

ISBN 978-1-920458-96-6

Ibuyekeziwe - Ihambisana ne-CAPS



IBanga lesi- 2

Igama:

Iklasi:

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA


IZIBALO NGESIZULU

Incwadi yoku-1

Ithemu 1 & 2

Isihlalo sabakhubazekile

No.	Isihloko	Ikhasi
1	Mina nomndeni wami	2
2	Ukubala	4
3	Izinombolo	6
4	Izinombolo ziyaqhutshwa	8
5	Ukuhlanganisa nokususa	10
6	Ukwahlukaniselana nemali	12
7	Amaphethini	14
8	Izimo	16
9	Amabhola namabhokisi	18
10	Ubude	20
11	Isisindo	22
12	Umthamo	24
13	Isikhathi	26
14	Ikhalenda lezinsuku zokuzalwa	28
15	Qoqa uhlele	30
16	Funda uhumushe	32
17	Ngaphambili, emva, phakathi	34
18	Izinombolo 1 – 30	36
19	Imigqa yezinombolo	38
20	Eminye imigqa yezinombolo	40
21	Ukuhlanganisa nokususa	42
22	Izinsuku, amasonto, izinyanga	44
23a	Ukuhlanganisa	46
23b	Ukususa	48
24	Kuyaqhutshekwa nokuhlanganisa	50
25	Imali	52
26	Imali yamaphepha	54
27	Amaphethini	56
28	Amaphethini ayaqhutshwa	58
29	Ukuphindaphinda: × 2	60
30	Ukuphindaphinda: × 5	62
31	Izindaba zokukuphindaphinda	64
32	Izinto ezingonhlangothi-ntathu	66
33	Landelanisa uphinde uqhathanise izinombolo: 1 – 40	68
34	Landelanisa uphinde uqhathanise izinombolo: 40 – 50	70
35	Izinombolo 40 – 50	72
36	Izikwele, onxande, onxantathu neziyingi	74
37	Izimpawu eziningi zezibalo 1 – 20	76
38	Izimpawu eziningi zezibalo 20 – 50	78
39a	Ukuhlanganisa	80
39b	Okunye ukuhlanganisa (kuyaqhutshwa)	82
40	Ubude	84
41	Ukususa	86
42a	Okunye ukususa	88
42b	Okunye futhi ukususa	90
43	Kuyasinda kulula	92
44	Amaphethini ezinombolo: Okuhamba ngakubili	94
45	Ukuphinda kabili	96
46	Phinda kabili futhi	98
47	Phinda kabili	100
48	Ukuphinda kabili kuyaqhutshwa	102
49	Izitsha nomthamo	104
50	Ukuphindaphinda: × 3	106
51	Amaphethini ezinombolo: Okungakuthathu	108
52	Ukuphindaphinda: × 4	110
53	Amaphethini ezinombolo: Okuhamba ngakune	112
54	Izindaba zokuphindaphinda ziyaqhutshwa	114
55	Amahora	116
56	Amaphethini ezinombolo: Okuhamba ngakuhlanu	118
57a	Imizuzu	120
57b	Imizuzu iyaqhutshwa	122
58	Ukwenza amaqoqo nokwahlukaniselana	124
59	Ukwenza amaqoqo nokuhlukaniselana kuyaqhutshwa	126
60	Okunye futhi ngokwenza amaqoqo nokwahlukaniselana	128
61	Siyaphinda ngokwakha amaqoqo nokwahlukaniselana	130
62	Ohhafu: 1 – 20	132
63	Ukwahlukaniselana 20 – 50	134
64	Imininingwane	136
	Okusikwayo koku-1	
	Okusikwayo kwesi-2	





UNkk Angie Motshekga, uNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo



UMnu Enver Surty, iSekela loMnyango weMfundo eyiSesekelo

Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uMnu Enver Surty.

Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo eyiSesekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.

Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.

Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.

Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education

Eighth edition 2018

ISBN 978-1-920458-96-6

This book may not be sold.

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.


IBanga lesi-2

Rainbow WORKBOOKS

Izibalo

NGESIZULU

Le ncwadi ngeka-:



ISIZULU

Incwadi yoku-1

1

Usuku:

Mina nomndeni wami

Nginemiyaka eyisishiyagalombili.



Inombolo yendlu yakithi ngu-12.



Yimina omncane kunabo bonke emndenini.



Nginawodadewethu ababili



Ubaba uneminyaka engama-32 ubudala.





Gcwalisa izimpendulo zale mibuzo ephathelene nomndeni wakho.

Igama lami ngingu- _____.

Nginemiyaka e-_____ ubudala.

Eminyakeni emibili edlule nganginemiyaka e-_____ ubudala.

Ngonyaka owodwa ozayo ngizobe nginemiyaka e-_____ ubudala.

Ngihlala e-_____.

Ngubani omdala kunani nonke ekhaya?_____.

Bhala usho ukuthi mdala kangakanani._____

Ngubani omncane kunani nonke ekhaya?_____

Bhala usho ukuthi mncane kangakanani._____

Namuhla izinsuku zi-_____enyangeni.







Dweba isithombe somndeni wakho.



1 2 3 4 5 6 7 8 9

Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20


2

Usuku:

Ukubala



Gcwalisa isikhala.




amehlo


amachashazi


amapheshi



2







amehlo

amachashazi

amapheshi





amehlo

amachashazi

amapheshi




amehlo


amachashazi


amapheshi



Hlukaniselanani amachashazi namapheshi ngokulinganayo.







Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

3

Usuku:

Izinombolo




Funda izinombolo ngezimpawu zazo nangamagama azo.

1	73	59	Isishiyagalolunye neshumi nanye
66	35		Ishumi nane
42	97		Ishumi nesikhombisa kune isithupha neshumi
24	32		ishumi nesishiyagalolunye



Bhala isamba samabhaluni asebhulokhini.



1 2 3 4 5 6 7 8 9 10





Bhala lezi zinombolo ngamagama.

6		12	
4		7	
8		17	
1		14	
2		22	
5		18	
0		11	
10		20	
3		15	
9		13	



37 38 39 40 41 42 43 44

89 90 91 92 93 94 95 96

Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

4


Usuku:

Izinombolo ziyaqhutshwa





Dweba i-△ ezinombolweni ezingelona ugweje, udwebe i-◯ ezinombolweni ezilugweje.



Ezingelona ugweje




Ezilugweje

1	2	3	4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17	18	19	20



Nikeza izindlu izinombolo.







Bala ubuhlalu obumibala mibili.

Bhala inombolo yalokhu:

10	2	=	12
10	3	=	
10	5	=	
10	8	=	
10	9	=	

Siyibhala sithi:

10 + 2 = 12

□ + □ = □

□ + □ = □

□ + □ = □

□ + □ = □

Ithini impendulo yalokhu?

10 + 1 = □	10 + 9 = □	10 + 6 = □
10 + 8 = □	10 + 2 = □	10 + 3 = □
10 + 5 = □	10 + 4 = □	10 + 7 = □

1 3 5 7 9 11 13 15 17 19

2 4 6 8 10 12 14 16 18 20

Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

5

Usuku:

Ukuhlanganisa nokususa






Hlanganisa uphinde ususe.



9 + 8 = 17



18 − 8 = ☐



☐ + ☐ = ☐



☐ + ☐ = ☐




☐ + ☐ = ☐




Bala.


6 + 5 = ☐	8 + 9 = ☐	11 + 3 = ☐	12 − 5 = ☐
8 + 7 = ☐	3 + 8 = ☐	9 − 5 = ☐	16 − 9 = ☐
6 + 4 = ☐	8 + 4 = ☐	8 − 4 = ☐	6 − 4 = ☐





Hlanganisa.







Bala.

2 + 2 + 2 = ☐	1 + 1 + 1 + 1 + 1 + 1 = ☐	2 + 2 + 2 + 2 = ☐
4 + 4 = ☐	3 + 3 + 3 + 3 = ☐	4 + 4 + 4 + 4 = ☐
5 + 5 + 5 = ☐	5 + 5 = ☐	1 + 1 + 1 = ☐



2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2

Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

6


Usuku:

Ukwahlukaniselana nemali






Hlukaniselanani izithelo ngokulinganayo.











Qedela.



5c




















Faka umbala ohlwezeni olufanele kanye nasemalini engamaphepha ukuze uma uyihlanganisa yakhe inani elifanayo nelokuqala.



= 10c 10c 5c 2c 1c 2c



= 5c 2c 2c 1c 2c 2c



= R2 R2 R1 R1 R1



= R5 R2 R1 R5 R1 R2



= R2 R2 R5 R5 R2 R1 R5



R1 1c R5 5c R10

Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20


7

Usuku:


Amaphethini



Kopisha amaphethini asebhodini uwabhale ezikhaleni ezingezansi.



Yelula iphethini.




1 2 3 4 5 6 7 8 9 10






Faka umbala ebuhlalwini ngenkathi ubala ngaku-2.






Faka umbala ezimbalini ngenkathi ubala ngaku-5.





Faka umbala ebuhlalwini ngenkathi ubala nga-10.





Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20


8

Usuku:


Izimo




1 Faka umbala osasibhakabhaka konxande, obomvu eziyingini kanye nophuzi konxantathu.



2 Faka umbala obomvu eziyingini, osasibhakabhaka konxande kanye nophuzi konxantathu abancane.




3 Izinhlangothi ziqondile noma ziyiziyingi? Faka umbala empendulweni efanele.



kuqondile | kugobile



kuqondile | kugobile



kuqondile | kugobile





Dweba elinye iphiko lovemvane.

Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

9

Usuku:

Amabhola namabhokisi






1 Kokelezela amabhokisi ngokuluhlaza namabhola ngokubomvu.



2 Faka umbala empendulweni efanele.



Ibhokisi | kuyashibilika | kuyagingqika



Ibhola | kuyashibilika | kuyagingqika



Faka umbala empendulweni efanele.



unqenqema olugobile

unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile

unqenqema oluqondile




unqenqema olugobile

unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile

unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile

unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile

unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile

unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile

unqenqema oluqondile

Yisho ukuthi ibhola lingemuva, lingaphambili, liseceleni noma lingaphezulu kwebhokisi.



lingemuva | lingaphambili

liseceleni | liphezulu



lingemuva | lingaphambili

liseceleni | liphezulu



lingemuva | lingaphambili

liseceleni | liphezulu



lingemuva | lingaphambili

liseceleni | liphezulu

ibhola ibhokisi ibhola ibhokisi

Teacher:

Sign:

Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

10

Usuku:


Ubude

Benzani?






Yisiphi isitimela esifushane yisiphi eside?






sifushane | side



sifushane | side




Yisiphi isakhiwo esiphakeme yisiphi esifushane?



siphakeme


sifushane





siphakeme

sifushane






Yimuphi umuntu omfushane yimuphi omude?




mfushane	mfushane
mude	mude




Sebenzisa Okusikwayo koku-1 okuyisandla. Lo nxande ngabe mude ngangezandla ezingaki?









Kala ukuphakama kukanxande usebenzise izandla nezinyawo.









Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

II

Usuku:


Isisindo





Yisho ukuthi le nto iyasinda noma ilula.






iyasinda	ilula	iyasinda	ilula




Kokelezela into esindayo.














Le nto ngabe iyasinda noma ilula kunekhilogramu?



iyasinda | ilula



iyasinda | ilula



iyasinda | ilula



iyasinda | ilula



iyasinda ilula

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

12

Usuku:

Umthamo

Xoxa ngalesi sithombe.



Faka umbala empendulweni efanele.



kugcwele	akunalutho	kuwuhhafu



kugcwele	akunalutho	kuwuhhafu



kugcwele	akunalutho	kuwuhhafu



kugcwele	akunalutho	kuwuhhafu




kugcwele	akunalutho	kuwuhhafu




kugcwele	akunalutho	kuwuhhafu

1 2 3 4 5 6 7 8 9 10







Isilinganiso esisodwa singafika egabelweni lokuqala kulo jeke. Zingaki izikali ezingagcwalisa lo jeke?






Zingaki izikali ezithelwe kulo jeke?










Ujeke okwesokunxele uphethe ilitha eli-1 likajusi. Yimuphi ujeke onojusi ofanayo, yimuphi onojusi omncane kunojeke ongakwesokunxele?





kuyalingana | kuncane



kuyalingana | kuncane



kugcwele akunalutho

Teacher:
Sign:
Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

13

Usuku:

Isikhathi

Kokusikwayo koku-1, sika amagama uwanamathisele ngaphansi kwezithombe ukukhombisa ukuthi sikhathi sini sosuku.



Qedela umusho.

_____ ekuseni kakhulu.


_____ ekuseni.

_____ ntambama.

_____ nsuku zonke.

_____ zonke izinsuku ntambama.

1 2 3 4 5 6 7 8 9 10



Izolo | Namuhla | Kusasa









Phendula le mibuzo.

Wenzani umntwana namuhla? _____

Wenzeni umntwana izolo? _____

Uzokwenzani umntwana kusasa? _____



Dweba isithombe sakho.

Izolo	Namuhla	Kusasa



Izolo

Izolo Izolo Izolo Izolo



Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

14

Usuku:

Ikhalenda lezinsuku zokuzalwa



Bhala phezu kwezinyanga.

uMasingana
uSipho
uMaryke
u-Annie

uNhlolanja
uJeffrey
uSimon

uNdasa
uSam
uJuan

uMbasa
uBetty
uLiezel

uNhlaba
uLettie
uRicco
uGeorge

uNhlangulana
uMpho

uNtulikazi
uBusi
uLisa
uKayla

uNcwaba
uMbali
uBrenda
uMary

uMandulo
uJohn

uMfumfu
uKarin
uJaco

uLwezi
uGugu
uDian

uZibandlela
uKara
uRichard
uDenise

1 2 3 4 5 6 7 8 9 10





Bhala igama lomfundi ngamunye kwabaseklasini, wabhale kule khalenda yezinsuku zokuzalwa.

uMasingana	uNhlolanja	uNdasa
uMbasa	uNhlaba	uNhlangulana
uNtulikazi	uNcwaba	uMandulo
uMfumfu	uLwezi	uZibandlela



Usuku lwami lokuzalwa lungo—

Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

15

Usuku:

Qoqa uhlele





Qoqa uphinde uhlele amabhola bese uwadweba ebhokisini elifanele.

amabhola asatshani	amabhola abomvu	amabhola asasibhakabhaka	amabhola aphuzi




Qoqa izimbali uzihlele kahle.

 izimbali eziphuzi	 izimbali ezibomvu	 izimbali ezibukhwebezane	 izimbali eziphinki	 izimbali ezisawolintshi

1 2 3 4 5 6 7 8 9 10




Hlela lezi zinto. Yenza imidwebo yakho.



izinto ezilula

izinto ezisindayo



amabhola amancane

amabhola amakhulu

amabhokisi amancane

amabhokisi amakhulu



Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20


16

Usuku:

Funda uhumushe




Umdwebo wami





Hlela amakhrayoni. Wadwebe.





Hlela izimbali. Zidwebe.





Hlela amafu nothingo lwenkosazana. Kudwebe.







Phendula le mibuzo.

		
onxantathu	onxande	iziyingi

Bangaki onxantathu? _____


Bangaki onxande? _____

Zingaki iziyingi? _____

Ngabe wonxantathu abaningi noma wonxande? _____

Ngabe yiziyingi eziningi noma wonxantathu? _____

Ngabe yiziyingi eziningi noma wonxande? _____

		
akunalutho	kuwuhhafu	kugcwele

Bangaki ojeke abangenalutho? _____

Bangaki ojeke abagcwele? _____

Mangaki amabhodlela agcwele? _____



O A O A O A O A O A O

Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

17

Usuku:





Ngaphambili, emva, phakathi

Xoxa ngezinombolo ezisemabhulokhini usebenzise amagama ngaphambili emva phakathi.


1	2	3	4	5	6	7	8	9	10	11	12	13	14	15	16	17	18	19	20	21	22	23	24	25


Isibonelo: Ibhola ngalinye kwabomvu liphakathi kwamabhola asasibhakabhaka.







Bhala izinombolo ezifanele ezikweleni.











Gcwalisa ngezinombolo ezingekho.

	2			5	
	12			15	
13			16		

10			13		
	17			20	
20					25

1	2	3	4	5	6	7	8	9	10	11	12	13	14	15	16	17	18	19	20	21	22	23	24	25

Iyiphi inombolo engaphambi kwe-8? _____

Iyiphi inombolo engemva kwe-16? _____

Iyiphi inombolo ephakathi kwe-8 ne-12? _____





Faka umbala osasibhakabhaka ezinombolweni eziphakathi kwe-14 ne-17. Faka umbala obomvu enombolweni engaphambili kwe-14. Faka umbala ophuzi enombolweni engemva kwe-17.

11	12	13	14	15	16	17	18	19	20

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20 21 22 23 24 25 26 27 28 29 30

Bhala izinombolo ezisebuhlalwini obuphuzi.
Sizibiza ngokuthini izinombolo ezisebuhlalwini obuphuzi.

_____

Zibhale zonke izinombolo ezisebuhlalwini obuphinki.
Sizibiza ngokuthini izinombolo ezisebuhlalwini obuphinki?

_____



Hlukanisela izingane ezigqoke okuphuzi ubuhlalu obuphuzi.

Ingane ngayinye ithola ubuhlalu obungaki? _____ . Ngabe bukhona ubuhlalu obusalayo?_____

Hlukanisela izingane ezigqoke okuphinki ubuhlalu obuphinki.

Ingane ngayinye ithola ubuhlalu obungaki? _____ . Ngabe bukhona ubuhlalu obusalayo?_____

Phendula le mibuzo elandelayo.

Bhala izinombolo ezintathu ezingelona ugweje ezingemva kwe-12?_____

Bhala izinombolo ezintathu eziwugweje ezingemva kwe-14?_____

Yiziphi izinombolo eziwugweje eziphakathi kwe-18 nama-24? _____

Bhala izinombolo ezintathu ezingelona ugweje eziphakathi kwe-8 ne-18. _____

Teacher:
Sign:
Date:

18


Usuku:

Izinombolo 1 – 30

Zingaki izincwadi?
Mangaki amabhodlela anopende?



1 Bungaki ubuhlalu?




2 Zingaki izincwadi?



3 Gcwalisa ngezinombolo ezingekho.

14	12	15	17	19	13	26	28	21	30
10 4	2	10	7	10					








Buka isibonelo sokuqala bese uqedela ezilandelayo.

18	=	ishumi eli-	1	+	imivo eyi-	8	noma	18	=	10	+	8
15	=	ishumi eli-		+	imivo e-		noma		=		+	
19	=	ishumi eli-		+	imivo eyi-		noma		=		+	
22	=	amashumi ama-		+	imivo e-		noma		=		+	
24	=	amashumi ama-		+	imivo e-		noma		=		+	




Bungaki ubuhlalu?



inombolo

Siyibhala sithi:

20 + ☐ = 24



inombolo

Siyibhala sithi:

20 + ☐ = 28



Bhala lokhu ngamagama:

10	_____	11	_____
12	_____	13	_____
14	_____	15	_____
16	_____	17	_____
18	_____	19	_____
20	_____	21	_____
22	_____	23	_____
24	_____	25	_____



Qedela okulandelayo.

25	=	amashumi a-	2	+	imivo e-	5	22	=	amashumi a-	2	+	imivo e-	2
13	=	ishumi eli-		+	imivo e-		21	=	amashumi a-		+	umuvo o-	
26	=	amashumi ama-		+	imivo eyi-		19	=	ishumi eli-		+	imivo eyi-	



Teacher:

Sign:

Date:


19

Usuku:


Imigqa yezinombolo



Gcwalisa ngezinombolo ezingekho.




0	1			4						10




0					5	6									15

Wagxuma kangakanani unogwaja? Sebenzisa umugqa wezinombolo ukuze ukwazi ukuthola izimpendulo.




0	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10




0	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10	11	12	13	14	15

Yagxuma kangakanani inyamazane? Sebenzisa umugqa wezinombolo ukuze ukwazi ukuthola izimpendulo.



0	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10




0	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10	11	12	13	14	15







Wagxuma kangakanani unogwaja? Sebenzisa umugqa wezinombolo ukuze ukwazi ukuthola izimpendulo.




amashumi		imivo		
10	+	5	=	




amashumi		imivo		
	+		=	



amashumi		imivo		
	+		=	



amashumi		imivo		
	+		=	



amashumi		imivo		
	+		=	

Teacher:
Sign:
Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

20




Usuku:

Eminye imigqa yezinombolo






Siza unogwaja abhale isibalo. Sebenzisa umugqa wezinombolo ukuze ukwazi ukuthola izimpendulo.




2 + 3 = 5




__ + __ = __



Siza inyamazane ibhale isibalo. Sebenzisa umugqa wezinombolo ukuze ukwazi ukuthola izimpendulo.




__ + __ = __




__ + __ = __








Siza unogwaja abhale isibalo.




$\square + \square = \square$




$\square + \square = \square$



Siza inyamazane ibhale isibalo.



$\square + \square = \square$



$\square + \square = \square$



Teacher:

Sign:

Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

21



Usuku:

Ukuhlanganisa nokususa





Bhala isamba sobuhlalu.

Bungaki ubuhlalu obubomvu?

Bungaki ubuhlalu obusasibhakabhaka?

Bungaki ubuhlalu obusatshani?

Bungaki ubuhlalu obusawolintshi?

Bungaki ubuhlalu obubukhwebezane?

Bungaki ubuhlalu uma sebuphelele?




Bhala ubuhlalu obunombala ngamunye emabhokisini af anele bese ubuhlanganisa.

bubomvu	+	busatshani	=	
buphuzi	+	buphinki	=	
busawoli-ntshi	+	busasibha-kabhaka	=	
bubukhwe-bezane	+	busatshani	=	
bunsundu	+	buphuzi	=	



Qedela la maphethini.








Hlanganisa ubuhlalu obubomvu nobusasibhakabhaka bese ugcwalisa impendulo ebhokisini.

		+		=		15
8		+	7	=		
		+		+		=
8		+	2	+	5	=
		+		=		
9		+	6	=		
		+		+		=
9		+		+		=

Qondanisa izithombe nesibalo esifanele bese ugcwalisa ngempendulo efanele.



7 – 5 =	
9 – 4 =	
8 – 3 =	
5 – 4 =	
6 – 2 =	

Bhala lesi sibalo:

9	–	6	=	3		–		=	
	–		=			–		=	

Teacher:
Sign:
Date:

22

Usuku:

Izinsuku, amasonto, izinyanga

uMsombuluko
uLwesibili
uLwesithathu
uLwesine
uLwesihlanu
uMgqibelo
iSonto

uMasingana	uNhlolanja	uNdasa
uMbasa	uNhlaba	uNhlangulana
uNtulikazi	uNcwaba	uMandulo
uMfumfu	uLwezi	uZibandlela



Phendula imibuzo elandelayo emayelana nezinsuku zesonto.

Yiluphi usuku oluza ngaphambili koLwesithathu? _____

Yiluphi usuku oluza ngemva koLwesithathu? _____

Yiluphi usuku oluza ngemva koMgqibelo? _____

Yiluphi usuku oluphakathi koMsombuluko noLwesithathu? _____

Uma uMsombuluko kuwusuku loku-1, uLwesihlanu wusuku lwe- _____

Yiziphi izinsuku eziphakathi koLwesithathu noMgqibelo?

_____



Phendula le mibuzo elandelayo ngezinyanga.

Iyiphi inyanga engaphambili kukaMbasa? _____

Iyiphi inyanga engemva kwaNhlangulana? _____

Iyiphi inyanga ephakathi kukaNcwaba noMfumfu? _____


Yiziphi izinyanga eziphakathi kukaMasingana nonhlangulana?

_____

Iyiphi inyanga yokuqala onyakeni? _____

Iyiphi inyanga yokugcina onyakeni? _____





Inkolo eNingizimu Afrika



Imigubho yomlandu

Usuku Lwamalungelo Abantu

Usuku Lwenkululeko

Usuku Lwabasebenzi

Usuku Lwentsha

Usuku Lwamakhosikazi

Usuku Lwamasiko

Usuku Lokubuyisana

Usuku lokuzalwa

Usuku lwami lokuzalwa





Okusikwayo kwesi-2: Sebenzisa okokusikwa, unamathisele amaholidi enkolo amathathu kanye nawomphakathi waseNingizimu Afrika ezinyangeni ezisekhalendeni.

uMasingana	uNhlolanja	uNdasa
uMbasa	uNhlaba	uNhlangulana
uNtulikazi	uNcwaba	uMandulo
uMfumfu	uLwezi	uZibandlela



Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

23a

Usuku:

Ukuhlanganisa



1 Buka isithombe bese ubhala inani lezimabule embaleni ngamunye, uzinamathisele emabhokisini afanele, bese uhlanganisa isamba nesamba.

ezibomvu	+	nezisasibhakabhaka	=	3	+	4	=	
ezisatshani	+	nezisasibhakabhaka	=		+		=	
eziphinki	+	nezisasibhakabhaka	=		+		=	
ezisatshani	+	nezisawolintshi	=		+		=	
ezibomvu	+	nezisatshani	=		+		=	
ezisawolintshi	+	nezisasibhakabhaka	=		+		=	


2 Hlanganisa.

3 + 2 =	4 + 6 =	9 + 3 =
6 + 5 =	7 + 8 =	8 + 4 =
9 + 5 =	8 + 6 =	7 + 4 =
9 + 9 =	7 + 5 =	8 + 8 =
7 + 6 =	9 + 6 =	7 + 7 =







3 Bhala lesi sibalo:



2 + 3 = 5



__ + __ = __




__ + __ = __




__ + __ = __

4 Linganisa izikali. Sesikwenzele okokuqala.


5 = 1 + 4




6 = 2 + __




3 + __ = __




2 + 1 = 1 + __



6 + 3 = 3 + __



2 + __ = 8 + 2



Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

23b

Usuku:

Ukususa





Buka lesi sithombe bese ubhala isibalo sokususa.


Amaswidi abomvu	=	8	−	5	=	3
Amaswidi asatshani	=		−		=	
Amaswidi aphuzi	=		−		=	
Amaswidi asawolintshi	=		−		=	
Amaswidi aphinki	=		−		=	




Susa.

5 − 3 =	10 − 6 =	12 − 3 =
11 − 5 =	15 − 7 =	12 − 4 =
14 − 9 =	14 − 8 =	11 − 4 =
18 − 9 =	12 − 5 =	16 − 8 =
13 − 7 =	15 − 6 =	14 − 7 =






Qedela.



9 – 3

Akulingani na -

3 – 9




5 – 2


Akulingani na -


2 – 5

Bhala lesi sibalo:



□ – □ = □






□ – □ = □



□ – □ = □



□ – □ = □

Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

24




Usuku:

Kuyaqhutshekwa nokuhlanganisa


1 Qondanisa amakhadi nezibalo ezifanele.

2 + 10	8 + 10	7 + 10	5 + 10	3 + 10


2 Sebenzisa umugqa wezinombolo. Bhala isibalo sokuhlanganisa. Sikwenzele okokuqala.




10 + 4 = 14



__ + __ = __




__ + __ = __



__ + __ = __







Hlanganisa.

10	+	3	=	13	10	+	2	=	
10	+	5	=		10	+	7	=	
10	+	1	=		10	+	6	=	
10	+	4	=		10	+	8	=	
10	+	9	=		10	+	3	=	



Hlanganisa.

16 + 13

10		10		20					
6	+	3	=	9					
16	+	13	=	29					

14 + 12

10		10							
4	+	2	=						
	+		=						

17 + 11

10		10							
7	+	1	=						
	+		=						

15 + 13

10		10							
5	+	3	=						
	+		=						

16 + 12

10		10							
6	+	2	=						
	+		=						


18 + 12


10		10							
8	+	2	=						
	+		=						



ULisa unezibali eziyi-9 kanti u-Aakar uneziyi- 8.









Sithini isamba?

Teacher:

Sign:

Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

25

Usuku:

Imali


Yini esebhange lami eliyingulubana?




Sika imali eyizinhlamvu kokubekelwe ukusikwa okunguNombolo 3 unamathisele amanani afanele lapha.


	
	
	

1 2 3 4 5 6 7 8 9 10




3 Mangaki amasenti?













4 Izibalo zamagama.

USuzi unama-50c. Umama wakhe umphe ama-20c. Unamalini seyiyonke uSuzy?

_____

Nginama-90c. Ngithenge iswidi elibiza ama-30c. Ngisele namalini?

_____


Teacher:
Sign:
Date:

Usuku:

.....

Imali yamaphepha

Malini enginayo esikhwameni semali?




Sika imali yamaphepha Kokusikwayo kwesi-3 unamathisele amanani ayo lapha.











3 Mangaki amarandi?













4 Izibalo zamagama.

Ngonge ama-R50. Ngithole ama-R20 ngosuku lwami lokuzalwa. Nginamalini manje?

_____

Nginama-R90. Ngithenge incwadi ebiza ama-R30. Ngisele namalini?

_____

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20


27

Usuku:

Amaphethini




Shaya izandla ngephethini.





Okusikwayo kwesi-4.







Yenza isithombe sakho ngezinsalela zobuhlalu. Sebenzisa Okusikwayo kwesi-4.




Kopisha la maphethini alandelayo.






Kopisha la maphethini.







Teacher:

Sign:

Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

28

Usuku:


Amaphethini ayaqhutshwa

1 Chaza iphethini ngalinye. La magama alandelayo azokusiza.




unxande | isikwele | unxantathu | isiyingi | imibala


2 Faka umbala ephethinini elilandela leli elilandelayo.



3 Dweba iphethini elilandelayo.



4 Nweba leli phethini.









Dweba iphethini lakho usebenzise:






Dweba iphethini elilandelayo.









Qedela lokhu okulandelayo ukuze ugcine sewunesiyingi phezulu.












Yenza amaphethini akho usebenzise izimo ezingezansi.









Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

29

Usuku:

Ukuphindaphinda: × 2

1 Mangaki amaswidi etafuleni ngalinye?



Uwabale kanjani amaswidi?
(Abanye abantwana bangathi 1, 2, 3... Abanye bathi 2, 4, 6...)


2 Qedela lokhu okulandelayo. Sesikwenzele okokuqala.

amaqoqo a-4 anezinto ezi-2	2 + 2 + 2 + 2 = 8	4 × 2 = 8
amaqoqo a-5 anezinto ezi-2	2 + 2 + 2 + 2 + 2 =	5 × 2 =
amaqoqo ayi-6 anezinto ezi-2	2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2 =	6 × 2 =
amaqoqo ayi-7 anezinto ezi-2	2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2 =	7 × 2 =
amaqoqo ayi-8 anezinto ezi-2	2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2 =	8 × 2 =


3 Yenza umdwebo walokhu okulandelayo.

amaqoqo a-3 anezinto ezi-2	amaqoqo a-4 anezinto ezi-2	amaqoqo ayi-9 anezinto ezi-2





Yenza umdwebo ngalokhu okulandelayo.



2, 4, 6, 8, ___ , ___


$2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2 =$ ☐

amaqoqo ayi-6 anezinto ezi-2 = ☐

$6 \times 2 =$ ☐

Umdwebo





6, ___

$6 +$ ☐ $=$ ☐

amaqoqo a-2 anezinto ezi- ☐ = ☐

$2 \times$ ☐ $=$ ☐

Umdwebo

Isicabucabu sinamehlo ama-2. Zinamehlo amangaki izicabucabu eziyi-7?

☐

2 4 6 8 10 12 14

16 18 20 22 24 26

Teacher:

Sign:

Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

30

Usuku:

Ukuphindaphinda: × 5

Mangaki amaswidi etafuleni ngalinye?




Qedela lokhu okulandelayo. Sesikwenzele okokuqala.

amaqoqo a-3 anezinto ezi-5	5 + 5 + 5 = 15	3 × 5 = 15
amaqoqo a-2 anezinto ezi-5	5 + 5 =	2 × 5 =
amaqoqo ayi-4 anezinto ezi-5	5 + 5 + 5 + 5 =	4 × 5 =
amaqoqo ayi-6 anezinto ezi-5	5 + 5 + 5 + 5 + 5 + 5 =	6 × 5 =
amaqoqo a-7 anezinto ezi-5	5 + 5 + 5 + 5 + 5 + 5 + 5 =	7 × 5 =

Yenza umdwebo ngalokhu okulandelayo.


amaqoqo a-3 anezinto ezi-5	amaqoqo a-4 anezinto ezi-5	amaqoqo a-5 anezinto ezi-5







Yenza umdwebo ngalokhu okulandelayo.




5, 10, 15, ___

5 + 5 + 5 + 5 = ☐

amaqoqo a-4 anezinto ezi-5 = ☐

4 × 5 = ☐

Umdwebo



4, 8, 12, ___, ___

4 + 4 + 4 + 4 + 4 = ☐

amaqoqo a-5 anezinto ezi-4 = ☐

5 × 4 = ☐

Umdwebo



5 10 15 20 25 30

35 40 45 50



Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

31

Usuku:

Izindaba zokuphindaphinda

1 Yenza indaba yakho usebenzisa isamba sezindebe, izindlebe, amehlo, izandla nezinyawo.




2 Singabangani abayi-10. Sinezandla ezingaki sezizonke?

Yenza umdwebo.


Wukhombise ezibalini.

Wukhombise emgqeni wezinombolo.



___ + ___ = ___ ___ × ___ = ___








Umndeni kaSusana unamapheya ayi-10 ezicathulo. Zingaki izicathulo sezizonke?

Yenza umdwebo.

Wukhombise ezibalini.

Wukhombise emgqeni wezinombolo.





+ = × =

Bhala indaba yakho ngabantwana abayi-6 nezandla zabo.



5 10 15 20 25 30 35

Teacher:

Sign:


Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20




Usuku:


Izinto ezingonhlangothi-ntathu



Faka umbala obomvu kuwo wonke amabhola, oluhlaza emabhokisini kanye noluhlaza okotshani kumasilinda.




Khetha impendulo efanele.



izinqenqema eziqondile

izinqenqema ezigobile



izinqenqema eziqondile


izinqenqema ezigobile



izinqenqema eziqondile

izinqenqema ezigobile







3 Yisho ukuthi le nto izogingqika yini noma izoshibilika.



izoshibilika / izogingqika





izoshibilika / izogingqika




izoshibilika / izogingqika

4 Kulezi zinto zingaki ozibona esithombeni: amasilinda, amabhokisi namabhola?











5 Likuphi ibhola? Kungabe lingaphambili kwebhokisi? Kungabe liseceleni? Kungabe lingemuva? Kungabe lingaphezulu?




lingaphambili _____
liseceleni _____ lingemuva

_____ lingaphezulu _____



lingaphambili _____
liseceleni _____ lingemuva

_____ lingaphezulu _____



lingaphambili _____
liseceleni _____ lingemuva

_____ lingaphezulu _____

Teacher:
Sign:
Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

33


Usuku:

Landelanisa uphinde uqhathanise izinombolo: 1 – 40

Ngubani onamawolintshi amaningi?



Ngubani onama-aphula amaningi?



Gcwalisa amabhokisi angenalutho ezintweni zokubala ubuhlalu.

1	2	3	4	5		7			10
	12				16		18		
21				25	26				30
31					36				40

Buka lobu buhlalu bese uphendula imibuzo.

Iyiphi inombolo encane kune-8? ☐

Iyiphi inombolo enkulu kune-13? ☐

Iyiphi inombolo encane kunama-20? ☐

Iyiphi inombolo encane kunama-24? ☐





Faka umbala osasibhakabhaka ezinombolweni ezincane kune-10 nobomvu kwezinkulu kune-10.

1	2	3	4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17	18	19	20

Faka umbala osatshani ezinombolweni ezincane kunama-30 kodwa ezinkulu kunama-24.

20	21	22	23	24	25	26	27	28	29	30

Faka umbala ophuzi ezinombolweni ezincane kunama-40 kodwa ezinkulu kunama-36.

30	31	32	33	34	35	36	37	38	39	40

Faka umbala osatshani ezinombolweni ezingelona ugweje nophuzi kweziwugweje.

1	2	3	4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27	28	29	30
31	32	33	34	35	36	37	38	39	40
41	42	43	44	45	46	47	48	49	50

Iyiphi inombolo ewugweje engemva kwe-10?

Iyiphi inombolo engelona ugweje engaphambili kwe-10?

Bhala phansi izinombolo ezingelona ugweje eziphakathi kwe-14 nama-24.

Bhala phansi izinombolo eziwugweje eziphakathi koku-5 nokuyi-15.

Iyiphi inombolo ewugweje engemva kwama-21?

Iyiphi inombolo engelona ugweje engaphambili kwama-24?

